



INGEDE

Lishicilelwe yi - SOUTH AFRICAN SUGAR ASSOCIATION EXPERIMENT STATION

July 2000, Vol. 3, No.2



UBUDLELWANE PHAKATHI KWABALIMI NOSONKONTILEKA

Phakathi kosonkontileka nabalimi kudingeka kube khona ubudlelwane bokuphathwa kwebhizinisi lobudlelwane kudingeka buqinise ngazo zonke izikhathi. Lobudlelwane buzohlela ekutheni izinga le "RV" emobeni libe lihle , ngokuthi kuhanjise umoba osefresh emshinini , ovuthiwe nohlanzekile .

LOLUHLU OLULANDELAYO LUYIZIDINGO ZOMLIMI NOSONKONTILEKA:

Izidingo zikankontileka kumlimi

1. Insimu ehlanzekile , enganalukhula .
2. Umoba ovuthiwe (ugoqo olude ngokwanele-okungenani oluwu-1,5m)
3. Insimu okungeneka kalula kuyo.
4. Ukuxhumana okuhle ngazo zonke izikhathi phakathi komlimi nosonkontileka.
5. Umlimi onolwazi lokuthi osonkontileka basebenza kanjani .
6. Ukusebenza ngokubambisana .
7. Ukwanda komoba , isivuno esihle nokwandiswa kwamasimu (vertical and horizontal).Ukusetshenzwa komhlabathi ngendlela yokongiwa kwezemvelo.

Izidingo zomlimi kusonkontileka

1. Umoba kumele uhlahlwe ngokwesicelo somlimi.
2. Akungathathi izinsuku ezingaphezu kwezimbili umoba oshisiwe ungenenile esigayweni
3. Ukuhlahlwa umoba ngentengo emukelekile .
4. Ukuhlawuliswa ngokubambezeka komoba ngenhloso.
5. Ukuba nokuxhumana phakathi kwabalimi nosonkontileka nyanga zonke.
6. Ukuba nolwazi nge-RV.
7. Ukuhlahlwa komoba ngokulandela imigomo ye-RV okuyile; ukuhlanzeka,ukuvuthwa nobusha bomoba.
8. Abasebenzi kumele baqeqeshwe emakhonweni okuxhumana, ubuchwepheshe, ukuphathwa kwemishini nokuba nomqondo webhizinisi.
9. Ukuba nemigomo esezingeni yokuphathwa kwebhizinisi.

10. Ukuba nemishini ethembekile nenakekelwayo.
11. Ukusiza abalimi uma umshini uvaliwe, ngalokhu okulandelayo; ukunakekelwa komgwaqo, ukuthuthwa kwembewu nomanyolo kanye nokutshalwa komoba.
12. Ukumeleleka kosonkontileka ezinhlakeni zabalimi njengakwi-MCC, local farmers association nakumakomiti ezizceme.
13. Ukunciphiseka kwezinga lokuchitheka komoba emgwaqweni nasemaphayindini.
14. Ukuphathwa kwamaphayindi ngendlela eseqophelweni eliphazulu.
15. Ukuqinisekisa ukuthi akusali moba emasimini.
16. Ukuba nolwazi ngokutshalwa komoba.



Umlimi nosonkontileka mabaxoxisane ngaso sonke isikhathi.

IPHEPHA LABALIMI ABALIMA IZINDAWO EZINCANE LOKUVALA IGEBE 'INGEDE'


Ngonyaka ka 1996 inhlangano yomoba (South African Sugar Association) kanye noMnyango Wezolimo KwaZulu-Natal basayinda isivumelwano sokusebenza ngokubambisana, lesivumelwano sikhombise izithelo ezinhle ekuthuthukiseni abalimi abasathuthuka. Enye yezinhloso yalesivumelwano wukuqinisekisa ukuthi abalimi bathola ulwazi olwanele noluyilo ekubathuthukiseni ngokubambisana noMnyango Wezolimo. Isizinda socwaningo senhlangano kashukela eminyakeni eminingi eyedule besikhapha iphepha labalimi elibhalwe ngesilungu l- "LINK" eliqondene nokuthuthukiswa kwabalimi abakhulu (commercial farmers), kodwa kwakungekho lutho olwaluqondene nabalimi abasathuthuka iningi labo okungabakhuluma isiZulu. Abeluleki abavela esizindeni socwaningo lomoba abazimisele kakhulu ukusebenzisana nabalimi abasathuthuka babona ukuthi ukuze kuvalwe leligebe eliphakathi kwabalimi kumele kube nephepha elizobhekana nokusiza abalimi abasathuthuka, leliphapha libizwa ngokuthi "INGEDE".

Ingede ihlelwe ngendlela yokuthi kusetshenziswe izithombe (picture power) ukudlulisa umyalezo. Izinto eziqokethwe yileliphapha zibhalwa ngabeluleki boMnyango wezolimo ngokubambisana nabeluleki benhlangano kashukela abavela esizindeni socwaningo. Ingede idlulisa ulwazi mayelana nokuphathwa komoba, imaphakathi nephepha lisetshenziswe njengesikhumbuzo emakhaya (the center fold designed to be used as a pin-up for continual reference and reminding in the home). Leliphapha liqanjwe ngegama lenyoni INGEDE eholela lapho kukhonakhona izinyosi, ngakho-ke abalimi libaholela empumelelweni ekulimeni kwabo. Leliphapha lifinyelela kubo bonke abalimi nama Mill Cane Committees.



1

UBUHLE BOMOBA (RV)



2

YINI EYENZA UMOBA UBE MUHLE?

Ubuhle bomoba buqala ensimini

Ukunakekelwa Kwensimu

- Imbewu eseqophelweni Uhlobo
- Ukulungiswa komhlabathi
- Insimu engenakhula
- Insimu efakwe umanyolo owanele



Ukuhlahla

- Ubudala bomoba
- Ukugawulela phansi
- Ukunquma amathopisi
- Umoba ohlanzekile ongenapayi ongenanhlabathi ongenazimpande



Ukubambezeleka komoba

- Kusukela ekushisweni kuya ekugayweni


- Umoba omuhle = osezingeni
- Shisa umoba olingene (owosuku olulodwa noma ezimbili) ozosheshe uhambe
- Ungashiya amabhondela ensimini

3

BUHLOLWA KANJANI UBUHLE BOMOBA?



Ubuhle bomoba buhlolwa yi 'CTS' = kheyini thesitingi sevisi **hhayi** umshini




Kheyini thesitingi sevisi ihlola ubungako bukashukela %, okungesiwo ushukela kanye namakhafiliti



4

NGABE YIKUPHI LAPHO KULAHLEKA KHONA USHUKELA?

NGOBA UBUHLE BUKAMOBA KUTHINTA IZINGA LOMKHIQIZO



5

UMEHLUKO WOKUKHOKHELWA NGE SUKHULOZI % KANYE NE RV

ISUKHULOZI
(R881.30)

Amathani kashukela alingana namathani omoba ephindaphindwe ngesukhulozi %

RV
(R971,02)

RV% ilingana ne% kashukela ususa 0,02% wamakhafiliti uphinde ususe 0,04% wokungesiwo ushukela
Amathani e-RV alingana ne RV% iphindaphindwa ngamathani omoba

Ukuhlolela ngesukhulozi akubali ukuthi angakanani amakhafiliti nokungesiwo ushukela

i-RV ibala ubungako bamakhafiliti nokungesiwo ushukela okutholakale emobeni

UKUQHATHANISA UKUKHOKHELEKA

	Uhlobo olungeluhle izinsuku eziyisikhombisa ubudala (7 days) Amathophisi angemahle	Uhlobo olungcono izinsuku ezine zobudala (4 days)	Uhlobo oluhle izinsuku ezimbili zobudala (2 days) Amathophisi asikwe ngendlela
Ushukela %	12.5	13.0	13.5
Okungesiwo ushukela %	15.5	14.5	13.5
Amakhafiliti %	3	2.4	2
i-RV %	10.99	11.75	12.43
Inkokhelo yemali ngamathani omoba			
Ushukela (R)	112.50	117.00	121.50
i-RV (R)	109.43	117.00	123.77
	- R3.07		+ R2.27

* RV = Inzuzo Kamoba Osebenzile

6

UKUBAMBEZELEKA KOMOBA KUBIZANI?

Izinsuku phakathi kokushisha nokugaya	Amathani	i- RV % yomoba	Inzuzo (ngama randi)	Inzuzo elahlekile	Inzuzo elahlekile ngenxa yokubambezeleka
Usuku lokuhlala	5.00	11.78	578.50	0.00	0.00
Ukubambezeleka ngosuku olulodwa	4.95	11.71	569.56	- 8.94	- 1.79
Ukubambezeleka ngosuku ezimbili	4.90	11.65	560.62	- 17.88	- 3.58
Ukubambezeleka ngosuku ezinhathu	4.85	11.58	551.68	- 26.82	- 5.36
Ukubambezeleka ngosuku ezine	4.80	11.51	542.74	- 35.76	- 7.15
Ukubambezeleka ngosuku ezinhlanu	4.75	11.44	533.80	- 44.70	- 8.94
Ukubambezeleka ngosuku eziyisithupha	4.70	11.37	524.86	- 53.64	- 10.73
Ukubambezeleka ngosuku eziyisikhombisa	4.65	11.29	515.92	- 62.58	- 12.52
Ukubambezeleka ngosuku amasonto amabili	4.30	10.73	453.34	- 125.16	- 25.03



KUQOPHEKE UMLANDO NGEZEMVELO ENTUMENI

Ukunakekelwa kwemvelo kuyinto enganakiwe kangako ezindaweni zasemakhaya kangangokuba usumkhulu umonakalo okhona futhi uya-qhubeka. Lokhu kungenxa yokungabi nolwazi olwanele kubalimi nokungabi bikho kwezinhlaka nezinhlelo eziqondile zokukhuthaza ukunakekelwa kwemvelo ukuze nezizukulwane ezizayo zihlomule kuyo.

Ukubonelela lesisimo, abalimi baseNtumeni (Eshowe) sebethathe igxathu elikhulu baqopha umlando ngokuthi bakhe ikomidi lezemvelo nokongiswa kwayo.

Lelikomidi lingelokuqala ngqa ukusungulwa ezindaweni zasemakhaya naseNingizimu Afrika yonke jikelele.

UMSEBENZI WALELIKOMIDI

Ukukhuthaza ukuphathwa nokusetshenziswa kwezizinda zolimo nezinye zendalo ngendlela enokulondolozeka ngokwesikhathi eside ukuze kusizakale izizukulwane ezizayo. Lokhu kuyophumelela ngokuthi sizibandakanye emkhankasweni wokuhlanyela obandakanya abalimi bonke bemikhakha eyahlukene nabasebenzisi bomhlaba, umphakathi, abaholi bendabuko nabanye abathintekayo nangokuhambisana nemithetho kaHulumeni eqondene.

LAKHIWE KANJANI

- Abalimi bemikhakha eyahlukene yezolimo bamelelekile kulelikomidi ngokwezi nhlaka zabo, okuyilezi:

- umoba
- amahlathi
- imfuyo
- osonkontileka
- kanye nezinye izitshalo

- Iminyango kaHulumeni eyahlukene nezinhlangano ezizimele nazo ziyingxeny yokusebenza kwalelikomidi.

- Lelikomidi limelelekile, futhi liyasebenzisana nekomidi lezemvelo I-Zululand Central Environmental Committee.

IGAMA LEKOMIDI YI: Entumeni Rural and Surroundings-Environmental and Conservation Committee.

IZINHLOSO ZEKOMIDI

Ukubhekana, nokulwa nalokhu

- ukulwa nokuguguleka komhlabathi
- imililo
- izinhlaseli (alien invader plants)
- ukuncipha kwamanzi-kanye nezihlaha zokufika
- ukucekelwa phansi kwezilwane zasendle

- ukucekelwa phansi kwezimila zendalo
- ukuchitheka komoba emgwaqeni
- ukungahlanzeki kwendawo esizungezile (namakhaya ethu)
- ukunukubezeka komoya
- ukunukubezeka kwamanzi

Indlela isihlahlekile, masisukume sibambe iqhaza ekunakekeleni imvelo yethu.

Izimakethe zomkhiqizo wethu nemithetho kaHulumeni yezemvelo kusijongile, lukhulu luyeza luyanyelela.

F. B. Phewa (umeluleki wezolimo Eshowe)

IZELULEKO EZILUSIZO

By Martin Eweg

July - September

- Ngabe usuwuodile yini umanyolo wakho, uma kwenzeka kuba nezimvula zasentwasahlobo ungaba sesimweni esihle.
- Ezindaweni lapho umoba unganiselwa khona onke amasimu ahlahlwe kumele ebe esefakwe isikhuthaza ngo September.
- Khipha amavolontiya nezingxabo zawo emasimini alindele ukutshala.
- Manje sekuyisikhathi sokufundisa ukusetshenziswa kwesifutho (time for training for knapsack operation)
- Khumbula ukuthi izibulala khula ezisetshenziswa lungakamili ukhula noma luseluncane kakhulu ziyonga.
- Ngabe sewuhlelile yini ukuthi imbewu yakho yomoba uzoyithola kuphi, nokuthi ngabe ayinazo yini izifo.
- Vula imisele yakho yokutshala uma usuzotshala ngoba ukuyivula kusasele isikhathi eside utshale lokho kuzokwenza ukuthi umhlabathi wakho ulahlekelwe umswakama.
- Uma unopayi noma itashi ngemuva kokuvuna, lundlale insimu yonke ukuze lunciphise ukhula olungase lumile.



Amalunga eKhomithi elisha elakhiwe eSabelweni kwaZulu Lezokukhuseleka Kwemvelo esemcimbini wokutshala kwezihlaha.